

KUZOSHATSHALALISWA UGWAYI ONGEKHO EMTHETHWENI WENANI LIKA-R18 MILLION

Cape Town, 8 kuMbasu 2021 – Iminyango eyehlukene kahulumeni elwisana nokungeniswa kwempahla nokuthelekisa okungemthetho izoshabalalisa ogwayi abayi-12 million abanenani lemakethe elingu-R18 million eKapa ngoLwesihlanu mhla ziyi-9 kuMbasu 2021.

Lokhu kushatshalaliswa kuzoqala ngehora lesi-8 ekuseni endlini yombuso i-State Warehouse, esikuleli kheli no.9 FW de Klerk Boulevard, Cape Town Foreshore.

Ugwayi lowo uzocutshwa khona kuleyo ndawo, kube kulandelwa imigomo yezempilo neyokuphepha. Udoti wawo uzohanjiswa ngebhande elihambayo uye elolini elikhethekile bese uyasuswa uyiswe endaweni ephephile yokulahla.

Labogwayi abangekho emthethweni babanja ezindaweni ezechlukene, kubandakanya ukubanja kwesiukathi esingamagxathu angama-40 esashushumbiswa sangena ezweni sabe sesidalulwa njengenye impahla.

Ukuvinjelwa kokungeniswa nokuthelekisa kwempahla ngokungemthetho yikho uhulumeni agxile kukho esebebenzisa ithimba elisebenzasanayo i-*Inter-Agency Working Group* (IAWG) ngoHwebo Olungemthetho, elibandakanya iminyango kahulumeni nama-ejensi ehlukene.

I-IAWG igxila ezimpahleni, izindwangu, izicathulo, izimpahla zesikhumba kanye nengqalasizinda okungemthetho, kanjalo nezimoto ezingamasekeni.

Ukushatshalaliswa kwezimpahla ezingekho emthethweni kumele kuthumele umyalezo oqinile wokuthi uhulumeni uthi alufakwa lubuya nodaka uma kuza ezindabenzi zohwebo olungemthetho kanjalo nokuwashisa umphakathi ngobungozi lezi zimpahla ezinabo emnothweni wethu nasezimpilweni zabantu bethu.

Izenzo ezingemthetho ezifana nalezi zibulala amandla ezwe lethu okukhiqiza, okube sekuholela ekuntulekeni kwemisebenzi, ukungalingani kanjalo nobumpofu. Impahla engeniswa ezweni nethelekisa ngokungemthetho kuwumthombo okhiqiza imali iye egenjini lezigebengu.

Ukulwisana nesihlava sokungeniswa kwempahla nokuthelekisa okungemthetho kusemqoka kakhulu ngoba ukungeniswa kwempahla nokuthelekisa okungemthetho kunciphisa imali eqoqwa ngu-SARS.

Imali engenile idlala indima ebalulekile ekwenzeni ukuthi uhulumeni akhe umbuso okhonayo okwaziyo ukuhlinzeka ngezidingongqangi kubantu namakhaya ahlwempu nasengozini, kanjalo nokwehlisa umthwalo kubaqashi nasezisebenzini ngesikhathi sobhubhane lwe-Covid-19.